# *UkuNqoba AmaSango eSitha*

Sanibona ekuseni, nonke. Futhi siyajabula ukubuya futhi kulokhu ukusa etabernakele, ukuzokhulekela abantu abagulayo namhlanje. Kunjalo, ngokuvamisile, sizama ukungena, njalo ngezikhathi zonke, futhi sikhulekele abantu abangenayo bevela ezindaweni ezehlukene, beze emkhulekweni.

Futhi manje sizosuka ngithi masinya impela, manje, siye emihlanganweni yaseCalifornia naseWest Coast. Futhi impela siyayinxusa imikhuleko yenu, ukuthi uNkulunkulu waseZulwini uzoba nesihawu kithi lapho futhi asiphe izinkonzo ezinkulu.

Ngisanda kungena nje, izolo, noma izolo ebusuku, njalo, isikhathi sesihambile. Futhi izolo bekungolunye lwe... Awu, kuthangi, nayizolo, bekungolunye lwezinsuku ezinkulu zezinsuku zomkhosi zempilo yami. Lapho, ngazi okungenani abantu ababili, noma abathathu, endlini obengufakazi wokwehla kweNkosi, izolo. Nenkulu, into eyisimangaliso yenzeka, engingenaso isikhathi kulokhu ukusa sokunixoxela. Kodwa mhlawumbe ngeSonto elizayo ekuseni, ngaphambi kokuba sisuke, ngingaba naso isikhathi, eMlayezweni, uku—ukunixoxela. Uma iNkosi ithanda, ngizokwehla, okungenani ukuzokhulekela abagulayo, ngeSonto ekuseni. Singahle sifune ukusuka cishe emini, uma kunokwenzeka, siye emhlanganweni waseSan Jose, eCalifornia. Futhi uma ninabo abantu ngapho, eWest Coast lapho...Esikholwa ukuthi kuzoba mhlawumbe yihora ebengilibhekile, isikhathi eside kakhulu, uguquko enkonzweni yami ezayo. Futhi lusondele kakhulu, bengicabanga ukuthi beluzokwenzeka izolo. Futhi ngikholwa ukuthi luzobakhona manje nje, futhi luzoba phambili kakhulu kunanoma yini esesake sayibona noma sayizwa, kuze kube manje. Manje, khumbulani, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Futhi ngakho silubhekile nje, noma ngasiphi isikhathi.

Futhi sizoba nomhlangano manje ezinkundleni ezivulekile. Ngikholwa ukuthi kunjalo, akunjalo, Gene na? Ezinkundleni ezivulekile eSan Jose, eCalifornia. Futhi kuzoba wumhlangano wezinsuku eziyishumi, uqala zingama 20, kuya ema 29, e—eSan Jose. Manje, yibani nisikhumbula nje futhi nisikhulekela.

Manje sine cishe, uma siphuma ngesikhathi esifanele, cishe sinamahora elilodwa nengxenye manje, esizoqala ngawo izinkonzo zethu zokukhulekela abagulayo nokuletha iZwi. Ngikhethe, kulokhu ukusa, isahlukwana esincane somBhalo, izindawo ezimbili eBhayibhelini, engizokhuluma ngazo. Kodwa, singakakhulumi, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, ukuba sibe nomkhuleko.

2 Nkulunkulu onomusa kakhulu, ngokuzithoba sisondela esihlalweni saKho sobukhosi somusa kulokhu ukusa, njengabantwana abangafanele, kodwa siza nokukholwa okumsulwa kuNkulunkulu, esakuphiwa nguMoya oNgcwele, noBukhona baKhe banjalonjalo bunathi. Nangesithembiso ngeNkosi uJesu, ukuthi uma besingeza ngokuzithoba futhi sicele noma yini eGameni laKhe, sizophiwa isicelo sethu. Ngakho-ke, asibheki emuva kwesifanele ukubongwa ngakho, ngoba asinakho okunjalo, kodwa sibheka emuva kokufanele ukubongwa kwaseKalvari, lapho umusa wethu esawuphiwa khona ngesihle ngeNdodana kaNkulunkulu. Futhi kul'khuni ukuba sizibambe izinyembezi ezingehla ngemiphimbo yethu, uma sicabanga ngathi, abantu abangafanele, nokuthi kukanjani ngomusa waKhe lapho eKalvari Wasenzela lokho, ukuze sisondezwe kakhulu kuNkulunkulu, ngisho nasekuhlobaneni. Futhi manje singamadodana namadodakazi kuYe.

3 Futhi siza kulokhu ukusa, Nkosi, phansi kwaloluphahla oluncane, ukuba sizinikele uqobo lwethu, nangenkonzo, sivuma izono zethu, no—nokukhonza kobuNkulunkulu. Sithemba ukuthi Uzoba nathi futhi usiphe ukubona kukamoya kokuza kwaKho osekuseduze, ukuze silungiselele izinhliziyo zethu nsuku zonke lesosehlakalo esikhulu ebesibhekiwe izinkulungwane zeminyaka. Ngempela yonke imvelo iyabubula, ikhalela ukuba ikhululwe. Nemimoya yethu phakathi kwethu, Nkosi, ivuma njalo, ukuthi, "Siyizihambi nabafokazi, naleli akusilo ikhaya lethu, kodwa sifuna uMuzi OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu." Sibheke lesosikhathi esikhulu ukuba sifike.

4 Nkosi, sithanda ukukhumbula ukuthi lemihlangano, uma sibuthana lapha, sikhulekela abantwana baKho abagulayo nabahluphekile. Futhi sicela ukuthi Uzohlangana nathi namhlanje ngendlela ekhethekileyo ngempela, ukuba uphilise konke ukugula nezifo phakathi kwethu. Futhi kungahle, Nkosi, kube ngukuthi lesisithembiso engisanda kukhuluma ngaso nje ngaphambilini, emhlanganweni naWe lapho izolo, khona impela emva kokuba sekuphume ilanga, nokuthi Ukuqinise kanjani kuphindaphinda kuphindaphinda. Futhi siyezwa ukuthi ihora selisondele impela. Futhi kwangathi lolu kungaba wusuku, Nkosi, okuzokwenzeka ngalo, ukuthi Uzoyiguqula inkonzo, Nkosi, ibe yinto ezoba nomusa kakhulu kubantu baKho.

5 Namanje, Baba, Nkulunkulu, asizukukhulekela laba kuphela abalapha, kodwa labo abenabele emhlabeni wonke, abadingayo, kokubili okomoya nokwenyama. Baphe, O Nkosi, izifiso zezinhliziyo zabo, ngoba abantwana baKho bayazabalaza ngalezizinsuku. Ingcindezelo yesitha iqine kakhulu, kodwa Wena uqine kakhulu. Ngokuba kulotshiwe, "Mkhulu Lowo okini kunalowo osezweni." Ngalokhu siyanqoba. Khuluma kithi ngeZwi laKho elilotshiwe. Futhi uma siphuma kulokhu

ukusa, kwangathi singasho njengalabo ababehamba bevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Sikucela eGameni likaJesu, Owanikeza isithembiso. Amen.

6 Ngiyafunda manje ezindaweni ezimbili eNcwadini kaGenesisi. Enye yazo itholakala esahlukweni 24, iqala ngevesi 56, ifundeka kanje.

> *Yathi kubo, Ningangilibazisi, ngokuba iNKOSI iyiphumelelisile indlela yami; ngimukiseni ukuba ngiye enkosini yami.*
>
> *Base bethi, Siyakuyibiza intombazana, sizwe emlonyeni wayo.*
>
> *Bambiza uRebeka, bathi kuye, Uzakuhamba nalendoda na? Wathi, Ngizakuhamba.*
>
> *Base bemukisa* owakhe *usis-. . .udadewabo uRebeka, nomzanyana wakhe, nenceku ka-Abrahama, . . .*
>
> *Bambusisa uRebeka, bathi kuye, Dadewethu, yibawena unina wezinkulungwane zezigidi, inzalo yakho inqobe amasango ezitha zayo.*

7 NakuGenesisi 22, ivesi 15, siyafunda.

> *Ingelosi yeNKOSI yayisimemeza kuAbrahama ngokwesibili isezulwini,*
>
> *Ithi, Ngizifungile, isho iNKOSI ukuthi njengokuba ukwenzile lokhu, unga with-. . .ungagodlanga indodana yakho, indodana yakho eyodwa:*
>
> *Ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngandise nokwandisa inzalo yakho ibe ngangezinkanyezi zezulu, nangangesihlabathi sasogwini lolwandle; inzalo yakho inqobe isango le*sitha *zayo;*
>
> *Nangenzalo yakho ziyakubusiswa izizwe zonke zomhlaba; ngokuba ulalele izwi lami.*

8 Manje iNkosi ayenezele izibusiso zaYo ekufundweni kwamaZwi aYo. Manje ngithanda ukuthatha, uma ingabizwa ngendikimba, indaba yami kulokhu ukusa, kuqala, ngukuthi, "Ukuhlolwa ngaphambi kwamasango athenjisiweyo." Nendaba ithi: *Ukunqoba Amasango eSitha.*

9 UNkulunkulu wayekade ehlola ukhokho, ngoba Wayekade emnike isithembiso. Futhi uma uNkulunkulu enza isithembiso, Ufuna ukuqiniseka ukuthi lomuntu usifanele isithembiso, ngaphambi kokuba Akugcwalise lokho Akusho noma lokho Akwethembisayo. Ngakho uAbrahama wayekade ethenjiswe ukuthi ngenzalo yakhe izwe lonke lalizobusiswa, ukuthi wayezoba nendodana. Futhi, lendodana, kuyo kuyovela iNzalo eyayizobusisa umhlaba wonke. Futhi uAbrahama, ngenkathi enikwa isithembiso, wayeneminyaka

engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala; futhi uSara, umkakhe, wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala. Kodwa iBhayibheli lisitshela ukuthi uAbrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo. Futhi uNkulunkulu, izikhathi ngezikhathi, wamhlola, kodwa wayesefike kulokho-kuhlolwa kwasekugcineni ngaphambi kokuba kwenzeke isithembiso.

10 Futhi kungaleyondlela kuyoyonke iNzalo ka-Abrahama. UNkulunkulu usinika lokho-kuhlolwa kwasekugcineni ngaphambi nje kokuba Anikeze isithembiso. Futhi uma bekunokwenzeka, bengingathanda ukusho okuthize lapha, okuqondene nami, kodwa ngizokugodla lokho. Lokho-kuhlolwa kwasekugcineni, ukubona ukuthi uzokuthatha kanjani. Futhi lapho Esenike uAbrahama lokhu-ukuhlolwa, Wamthola uAbrahama eqiniseke impela nje njengoba wayenjalo ngenkathi eqala. Bekungaba yisithembiso esinjani pho kulokhu ukusa uma thina esithatha isithembiso saKhe sokuphilisa besizoma nje siqiniseke ngempela njengoba senza ngenkathi sima lapha futhi sakwemukela. Akunandaba ukuthi udokotela utheni, sime nje siqiniseke impela.

11 Futhi ngenkathi enza lokhu, futhi akangayigodla neze indodana yakhe eyodwa, kodwa wayesezophisela umese esifubeni sikaIsaka, ukuba abhubhise ubufakazi bakhe. Wayefakazile, kuwo wonke umhlaba owaziwayo ayazana nawo, ukuthi wayezoba nalendodana. Kwase kuthi-ke lapho indodana isifika, wacelwa ukuba abuyise ngokuphindiwe, nokubhubhisa ithemba okuyilona kuphela ayenalo lobufakazi bakhe ukuba ligcwaliseke. Futhi lapho uNkulunkulu esebonile ukuthi wayethembekile kulokho kukholwa ayenakho kuNkulunkulu, uNkulunkulu walunguza esemazulwini Wayesethi, "Ngizifungile ukuthi Ngiyakukubusisa ngikwandise, nenzalo yakho iyakunqoba isango lesitha sayo." Isithembiso esinje pho!

12 NoRebeka, owayezoba ngunina walena edumileyo, ethenjisiweyo, indodana elindelweyo, ngenkathi ebizelwa ekuhlolweni kwasekugcineni, ngendoda engaziwa ayengakaze ayibone ngaphambili. Akubonile kuphela ukusebenza kukaMoya oNgcwele. Futhi lapho abazali bakhe bengakwazi ukuthi banqume ngokugcwele ukuthi ahambe yini nalomfokazi noma qha, ukuba abengumfazi wendoda ayengakaze ayibone, walethwa ekuhlolweni kwasekugcineni. "Sizothola intombazana sidedele yona ikhulume. Sizozwa emlonyeni wayo ukuthi izohamba yini, yebo noma qha."

13 Yileyondlela okulethwa ngayo kuyo yonke iNzalo kaNkulunkulu. Kufanele kube umlomo wakho. UNkulunkulu ufuna ukuzwa kuwe.

14 Ngakho ngenkathi ebekwa ekuhlolweni, akazange anqikaze ngisho umzuzu. Wathi, "Ngizakuhamba." Ngiyakuthanda lokho. Hhayi ukuthi, "Ake ngicabangisise. Ake ngikuhlolisise." Wayeqiniseke ngokugcwele. Yilabobantu uNkulunkulu angabasebenzisa, uma uqiniseke ngokugcwele ukuthi uNkulunkulu uzosigcina isithembiso saKhe. Wathi, "Ngizakuhamba."

15 Nabantu bakubo-ke, begcotshwe kakhulu, mhlawumbe bengakwazi, kodwa baprofetha lapho bebeka izandla zabo phezu kukadadewabo, nendodakazi yabo; lena enhle, intombazana yomJuda encane, lapho beyibeka phezu kwekameli futhi bayisa ezweni lezizwe, phakathi kwabantu bezizwe. Kodwa kwakukhona Into eyayikubo. Bathi, "Inzalo yakho mayinqobe isango lesitha sabo. Yiba-wena ngunina wezinkulungwane zezigidi."

16 Futhi, namhlanje, lesosizwe sabantu nabantu bakaNkulunkulu sichitheke kusuka olwandle kuya olwandle, umhlaba jikelele. Kulokho kuvuka bayoba njengezinkanyezi zeZulu, njengalezozinkanyiso ezikhanya bha bethatha indawo yabo, lapho behamba bedabula esibhakabhakeni. Futhi uma beza, bayoba njengezilwandle ngase...noma izihlabathi ngasogwini lolwandle. Kuyoba khona izinkulungwane zezigidi zabo.

17 "Inzalo yakho iyakunqoba isango lesitha sayo." Leso yisithembiso sikaNkulunkulu esifungelwe, "Inzalo ka-Abrahama."

Manje-ke, ngoMoya waKhe oNgcwele, ebona ukuthi umama wayezoba yingxenye yendodana, futhi, ngoba bayingxenye yenyama. Manje-ke, uMoya oNgcwele usebenza ngalababantu, wathi, "U...INzalo yakho mayinqobe isango lesitha." Manje-ke, uNkulunkulu efunga ukuthi Uyonqoba isango lesitha, manje-ke yiyiphi indawo lokho okubeka kuyo iBandla likaNkulunkulu ophilayo na?

18 SiyiNzalo ka-Abrahama. Ngokuba, thina, singabafileyo kuKristu, siyiyo, sithatha iNzalo ka-Abrahama futhi siyindlalifa kanye naye, phansi kwesithembiso esifungelwe esifanayo. SiyiNzalo ka-Abrahama, nezindlalifa zazo zonke izithembiso anikwa zona. Kodwa uma kufika izinhlolo, yilapho esehluleka khona. Kodwa angikholwa ukuthi iNzalo yeqiniso ka-Abrahama iyohluleka. Bayoma ngesibindi impela nangokwethembeka njengoba kwenza uAbrahama.

19 Manje siyabona ukuthi uNkulunkulu angeke asho noma yini noma—noma enze noma yisiphi isithembiso ngaphandle uma Ezosigcwalisa. Ufanele akwenze lokho ukuze abe nguNkulunkulu. Sekuyiminyaka kamuva, ngenkathi lababantu abafanayo, abantu abethenjisiwe, inzalo ka-Abrahama yayisohambweni lwabo, beyongena e—ezweni

lesithembiso, kwakukhona isango elamayo, futhi laphikisana nayo, futhi kwakungumfowabo uqobo, uMowabi, owathi, "Awuzukunqamula ezweni lami. Ngizoqiniseka ukuthi awuzukunqamula ezweni lami."

20 Wathi, "Uma amankomazi ethu ekhotha noma yibuphi botshani benu noma uma ephuza noma yimaphi amanzi enu, siyonikhokhela ngakho."

Kodwa wathi, "Awuzukunqamula kulelizwe."

21 Kodwa isithembiso sikaNkulunkulu sabambelela ngeqiniso. Ngakho bahamba futhi bathola umprofethi wabo, uBalamu, base bemehlisa ukuba azoqalekisa abantu. Futhi nakhu akushoyo. Bazama ukumbonisa ingxenye embi ukwedlula konke yenzalo ebusisiweyo, kodwa uNkulunkulu wambonisa ingxenye enhle ukwedlula yonke yayo. Wathi, "Oqalekisa uIsrayeli uyoqalekiswa, nombusisayo uyakubusiswa." Nemigoqo wadilizwa noIsrayeli wanqamula emathafeni. UNkulunkulu wethembisa ukuthi uyonqoba isango lesitha sakhe.

22 Kamuva, eminyakeni, nakho kufika omunye ogama linguDanyeli, owayesohlangeni lwaleNzalo ethembekileyo, nasohlangeni lwezithembiso, ngoba wayeyiNzalo ka-Abrahama. NoNkulunkulu wayemkhethe ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba abe ngumprofethi waKhe, futhi wayehlala eyiqhawe futhi wayehlala ethembekile. Futhi ngisho nasezweni lezizwe, wayezimisele enhliziyweni yakhe, "Angizukuzingcolisa ngabo." Leyo yiNzalo yangempela ka-Abrahama; ehlala ezweni elehlukile, ehlala phakathi kwabantu abehlukile, kodwa nokho eyiqhawe kulesosithembiso. "Angizukuzingcolisa ngabo. Ngizohlala ngokweqiniso."

23 UNkulunkulu wamfaka ekuhlolweni njengoba Enza kuyise, uAbrahama. Nenkosi yathi, "Kuphakathi kokuthi uzoba ngomunye wethu futhi ukhonze ngendlela esikhonza ngayo, noma ngizokuphosa emphandwini ogcwele izingonyama ezilambile."

24 UDanyeli, njengoAbrahama uyise, wathi, "Ungangiphosa emphandwini wezingonyama, kodwa angizukukhothama kunoma yisiphi sezithombe zakho. Angizukuyithatha inkolo yakho eyiyo ngegama nje. Ngizohlala ngokweqiniso kuJehova."

25 Futhi nakho-ke kwase kufika elamanqamu ngaleyonkathi. Inkosi yasigcina isithembiso sayo futhi yamphakamisa umprofethi, noma yamqukula yamphosa emphandwini wezingonyama. Futhi lapho izingonyama, isitha sikaDanyeli, ziphuma ziphuthuma ziya kumprofethi, uNkulunkulu wasigcina isithembiso saKhe. Walinqoba isango lesitha sakhe. UNkulunkulu wamisa iNgelosi lapho phambi kwalezozingonyama, futhi wathatha isango. UNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe. "Iyonqoba isango lesitha sayo." UNkulunkulu washo njalo.

26 Kwase kubakhona abanye abathathu ezansi lapho ababenze isifungo qobo lwabo ukuthi bazokwethembeka embangeleni, ababeyiNzalo ka-Abrahama ngokweqiniso, futhi lowo kwakunguShadiraki noMesheki noAbedinego, futhi bafakwa ekuhlolweni. Base bethi, "Uma ningakhothami uma nizwa amahabhu ekhala namacilongo ebetha, uma ningayikhothameli inkolo yethu, futhi nisuke kulezozinto enizi—nizimeleyo! Futhi nonke nimanzi, empeleni. Inkolo yenu ayehluke ngalutho kunekanoma ubani omunye." Asikuzwa yini lokho ngaso sonke isikhathi na? Kodwa i—inkolo kaJesu Kristu yehlukile. Amandla okuvuka kwaKhe ehlukile. Singabantu abehlukile, abantu abazuziweyo, ubupristi obobukhosi. UNkulunkulu wenza umehluko.

27 Kodwa lapho bethi, "Nizofanele nibe ngabanye bethu." Kwakuzolunga kuShadiraki noMeshaki noAbedinego uma babefune ukuba ngabanye babo, kodwa abazange neze bafune ukuba ngabanye babafokazi. Manje, bathi, "Uma ningakwenzi, sinomnyango phandle lapha oya esithandweni, esingasivula bese siniphosa kuso, futhi niyofisa sengathi nibe ngabanye bethu."

28 Basikhumbula isithembiso. Babamashisa babehlisela ngqo esithandweni somlilo. Futhi lapho sebevula umnyango futhi babaphosa emalangabini, isitha sabo esasizobaquthula, banqoba amasango esitha sabo. UNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe phakathi kulawomalangabi omlilo futhi yapholisa imimoya ehelezayo, futhi yakhuluma nabo ngenkathi bephakathi lapho. Isithembiso sikaNkulunkulu sabambelela eqinisweni. Banqoba isango lesitha. Bahlolwa kuqala, base-ke benqoba isango lesitha.

Kwakungesuye yini uJesu Owenza isithembiso na? "Uma ngisho uletha isikhubekiso komunye walaba abancinyane, kungcono kuwe ukuba itshe lokusila liboshelwe entanyeni yakho futhi ucwiliswe ezinjulwini zolwandle. Ungalethi ngisho isikhubekiso kulaba abancinyane abakholwa kiMi. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwa kiMi."

29 Wenza umehluko. Wenza isiboniso salowo owayekholwa nalowo owayengakholwa.

Lapho, njalo, kukhona izixuku ezintathu zabantu, leso siyilo: ongakholwa, umzenzisi, nekholwa. Kodwa uNkulunkulu unendlela yokufakazisa ukuthi ubani oyikholwa. Lelokholwa lima ligxile kulokho uNkulunkulu athi kuyiQiniso. Yebo.

30 KwakunguElija, waseThishibi, ngenkathi kufika elamanqamu, waze wacabanga ukuthi kwase kunguye kuphela esizweni owayesamphilela uNkulunkulu. Nenkosi yayizomfaka esivivinyweni. Futhi bamhlupha. Naleyo encane, indlovukazi ezipendile, egama linguJezibele, wasongela impilo yakhe. Futhi uma sekufika elamanqamu, uElija wanqoba amasango esitha

sakhe futhi waphendula sonke isizwe sabuyela kuNkulunkulu futhi. UNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe.

31 KwakunguMose, emva kokuba naye esohlangeni lwaleNzalo yobukhosi, iNzalo ka-Abrahama, ukuthi kwathi ethunyelwa ezansi eyongena eGibhithe, ukuyokhulula abantwana bakwaIsrayeli; noNkulunkulu wayemnike izibonakaliso nezimanga ukuba azenze, nokushaya umhlaba, nokuveza amaxoxo, namazeze, nobumnyama, nesichotho, nemvula, nomlilo, futhi wayekade enze zonke lezizimangaliso. Nokho, ngenkathi ebakhipha ngokubahola ngesandla sikaJehova, nakho kufika isikhathi lapho ehlangana nesango phakathi kwakhe nezwe lesithembiso. Kwakukhona uLwandle oluBomvu, umgoqo onqume endleleni. Babecindezelwe yimpi kaFaro, izintaba, nezingwadule, noLwandle oluBomvu. Kodwa uMose waqhubekela phambili futhi wanqoba isango lesitha sakhe, futhi wawela uLwandle oluBomvu, ngezicathulo ezomile, sengathi wayehamba emgwaqeni onothuli. “Iyonqoba isango lesitha.” UNkulunkulu washo njalo, futhi lokho kuyakuxazulula.

32 Kwakuyiminyaka embalwa kamuva ngenkathi kufika izivivinyo, nebandla lathola ukunyakaziswa konke, njengoba kulula kakhulu ebandleni labantu ukwenza uma into nje ingabonakali ukuthi yenzeke ngendlela efanele yenzeke ngayo. UNkulunkulu uyenza ngaleyondlela. UNkulunkulu uletha ubunzima phakathi ebandleni. “Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ivivinywe, futhi ifakazelwe, futhi ihlolwe.” Udedela ukugula kukushaye. Udedela izifo zize kuwe, ukukuhlola nokukufakazisa, ukukhombisa izwe ukuthi ngokweqiniso uyiNzalo ka-Abrahama. Ukuvumela ngentando yaKhe uQobo. Uvumela izinhlekelele. Uvumela abangane ukuba bakuphendukele. Uvumela zonke lezizinto, adedele noDeveli, ukuba akulinge. Futhi uyokwenza konke kodwa ngaphandle kokuthatha impilo yakho. Angakuphosa embhedeni wokuhlupheka. Angenza omakhelwane bakho bakuphendukele. Angenza ibandla likuphendukele. Angenza kakhulu noma yini, futhi yintando kaNkulunkulu ukuba yena akwenze. Siyafundiswa ukuthi kuyigugu kakhulu kunegolide, kithi.

33 Kuthiwani ngoAbrahama enoIsaka, entabeni, lowo owanikwa isithembiso na? Futhi ngokwethembeka kwakhe nangokwazi kwakhe, nokukholwa kwakhe kuJehova, kungalokho, futhi lokho kodwa-zwi, uNkulunkulu wabuka phansi wayesethi, “INzalo yayo iyonqoba amasango. Ngizifungile Mina ukuthi Ngiyozenza lezizinto.” Akekho omunye omkhulu kakhulu Ayengamfunga, kodwa Wazifunga Yena.

Manje-ke, uma Adedela uAbrahama ukuba ahlolwe kulelophuzu lasekugcineni, Uzofanele ahlole wena nami okwalowomzuzwana wasekugcineni, lesosikhathi sesinqumo lapho yonke into iqhelile kuwe. Ufanele ume wedwa-zwi lapho.

[UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili—Umhl.] Haleluya! Yilokho-ke.

34 Ume wedwa-zwi. Uphumele lapho bese uthi, “Noma Engibulala, nokho ngiyoMethemba.” Leyo yiNzalo ka-Abrahama. YiLowo onika isithembiso. “Akunandaba ukuthi bonke abanye uthini, bonke abanye benzani; ngokuba mina nendlu yami, siyomkhonza uNkulunkulu.” Wathi, “Uma bonke abanye ethi, ‘Akukho lutho olwazini lwesipiliyoni. Yisigejane somesaso’; ngokuba mina nendlu yami, siyomkhonza uNkulunkulu.”

Futhi ngithanda ukucaphuna uPawulu khona lapha, futhi uthi, “Ngendlela abathi ‘yedukile’ ngiyamkhonza ngokunjalo uNkulunkulu wawobaba.”

“Noma abahlebi bengena ebandleni, noma bebangabahlebi, futhi noma bebayizo zonke izinhlobo zabaprofethi bamanga nakho konke kungena ebandleni phakathi kwabantu, naphakathi kwabakhelene nakho konke; kodwa ngokuba mina nendlu yami, siyoyikhonza iNkosi. Noma bonke beyeka ukuza, futhi noma ibandla libanda, linganaki; mina nendlu yami, siyoyikhonza iNkosi. Noma kubekhona okhulekelwe futhi akangaphila; lokho akuhlangene nakho; ngokuba mina nendlu yami, sikhonza iNkosi.” Izinhlolo nezivivinyo.

35 Abantu abasibo abangenakuphosisa, kodwa uNkulunkulu unguye. Umuntu, ubeka umqondo wakho kumuntu, uyokwenza iphutha. Mhlawumbe kungesiwo amabomu, kodwa uyokwenza. UNkulunkulu uyamvumela ukuba akwenze ukuze Akwazi ukuthintitha ukukholwa kwakho kusuke kumuntu. Ukukholwa kwethu akukho ekuhlakanipheni komuntu, kodwa kusemandleni nasekuvukeni kukaJesu Kristu. Isiphumuza lapho-ke iNzalo ka-Abrahama yeqiniso isithembiso sabo. Ngoba, bangaba kuphela yiNzalo ka-Abrahama uma bemukela uMoya oNgcwele. Ngaphandle kukaMoya oNgcwele abasiyo iNzalo ka-Abrahama. Lokho kukholwa okufanayo okwakukuAbrahama kufika kungene ekholweni. Akunandaba ukuthi kwenzekani noma kuphambene kanjani, ikholwa limasha liqonde phambili ngqo.

36 Izinhloli zabuyela emuva zase zithi, “O, ku—kungubuwula ukuzama. Asikho isidingo sokuqhubekela phambili, ngoba labobantu uyisidlakela ngempela laphaya. Futhi banohulumeni abakhulu, futhi ba—banemikhonto, futhi, ngani, sibukeka ngisho sifana nezintethe phezulu ukuqhathaniseka nabo.”

37 Angazi, kodwa ngiqinisekile ukukholwa lapha ukuthi uJoshuwa wayengumuntu omncanyana nje oyisijuqwana, omncanyana nje, umfo omncinyane. Sengiyambona egxuma eya phezulu, phezu—phezu kohlobo oluthize lwebhokisi, wayesethi, “Madoda bazalwane,” ezigidini ezimbili zabantu, “sinamandla angaphezulu ukubathatha.” Niyabo? Ngani na? Kwakukhona

iNzalo ka-Abrahama. UNkulunkulu wanikeza isithembiso. Lokho kwakungukunqoba kwabo. UNkulunkulu wanikeza isithembiso. Akunandaba ukuthi kwakungukuphikisana kuni, iNzalo ka-Abrahama yeqiniso yathi, "Singalithatha ngoba uNkulunkulu wasipha lona."

38 Nimi lapho-ke kulokhu ukusa. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] Limi lapho-ke iBandla likaNkulunkulu ophilayo. Angikhathali ukuthi noma ubani omunye uthini, ukuthi udokotela uthini, ukuthi noma yini, ukuthi ongakholwayo uthini, singaba ngaphezu kokuqhathaniswa kwanoma yini efikayo. SiyiNzalo ka-Abrahama, futhi siyonqoba isango lesitha sethu, akunandaba ukuthi isitha siyini. UNkulunkulu wanikeza isithembiso. Leso kwakungesabo, ukunqoba kwabo.

39 Ukuphilisa kungukunqoba kwenu. Insindiso ingukunqoba kwenu. UMoya oNgcwele ungukunqoba kwenu. Futhi kukhona ezinkulu, izinkulungwane zabashumayeli njalonjalo ezweni namhlanje, othi, "Lokho akunjalo." Kodwa iNzalo ka-Abrahama iyazi ukuthi kunjalo. Bagxambuza baqonde phakathi futhi banqobe amasango esitha. UNkulunkulu wathi bayokwenza. Bayakukholwa ngoba yisithembiso. "INzalo yakhe iyonqoba isango lesitha." Manje nizohamba nedlule ezinhlolweni, ezivivinyweni.

40 NoJoshuwa wama lapho, ethembekile. Umfo omncane wathi, "Angikhathali ukuthi bakhulu kangakanani. Angikhathali ukuthi nhloboni yomkhonto abanayo, ukuthi imizi yabo ubiyelwe ngodonga oluphakeme kangakanani, nokuthi lukhulu kangakanani. Isithembiso sethu siyilokhu, ukuthi, 'Isango liyonqotshwa yiNzalo yabantwana bakaNkulunkulu,' futhi siyawela ukuba sibathathe. Singaphezu kwokuqhathaniswa nabo." O, leyo yiNzalo yeqiniso.

41 Inqwaba yabo eyazalwayo, inzalo yemvelo, yathi, "Ngeke nje sakwenza. Asikho isidingo sokuzama. Niyabo, siyedlulwa ngobuningi. Siyehlulisisiswa; siyikho konke." Akunandaba, wayengeke. . .Babebuka, niyabo, kulokho okwakubonwa yiso. NoJoshuwa wayebuka lokho okwashiwo nguNkulunkulu.

42 INzalo ka-Abrahama ayibuki lutho kokwezinto zemvelo. Babuka kulokho okwashiwo yiNkosi. Yileso isithembiso. Ukuba-ke uAbrahama wayezobuka kokwemvelo na? Kowesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala. . .Amashumi ayisishiyagalolunye, wayenaleyo. Futhi yena wayenekhulu. Futhi wayehlale naye kusukela eseyintombazane encane, naye esengumfana omncane, futhi kungekho-nzalo. Akazibukanga lezozinto. Wathi wabala lezozinto sengathi zazingekho, ngokuba wabuka kuphela kulokho okwashiwo nguNkulunkulu. "Ngiyokubusisa, Abrahama, futhi Ngiyokunika inzalo ngoSara." Futhi wakukholwa. Awubuki kokuphikisanayo.

Sibuka kulokho uNkulunkulu akusho. UNkulunkulu wakusho, lokho kwenele.

43 Ngakho-ke uma ehlela eJordani, ngenkathi uJoshuwa enziwa umkhuzi wempi omkhulu, futhi behlela kulo impela ugu lwamanzi futhi base bekwazi ukuba ngaphesheya futhi bayibone iJeriko. Kodwa, phakathi kwabo, ngenkathi uJoshuwa impi yakhe eseyimise ngomumo, kwakukhona isango. Lelosango lalibizwa ngeJordani.

Kodwa isithembiso sikaNkulunkulu sihle kuwo onke amasango. Akunandaba ukuthi-sango-lini, isithembiso sikaNkulunkulu sihle. “Iyonqoba amasango esitha sayo.” Lokho kwenele.

Lapho ehlela eJordani ngalokho kusa, mhlawumbe, ngizokholwa ukuthi uDeveli wayenamafu esiphepho elenga ndawo zonke, amakhulu amanzi anodaka egingqika phansi, amasimu ashanyelwa onke nguzamcolo. O, isikhathi sokulinga esinje pho! Kodwa uJoshuwa wathi, “Zilungiseleleni, nizobona iNkazimulo kaNkulunkulu.” Futhi bazingcwelisa futhi bazilungiselela, belungiselela lapho yonke into yayibonakala iphambene. Kodwa leyo kwakuyiNzalo ka-Abrahama, uNkulunkulu afunga, “Ngiyoyinika isango.” Ufika eJordani, lelo kwakuyisango lakhe, futhi walinqoba.

44 Ngokunye kwalokhu ukusa ngizokwehlela kulelosango lokugcina nami. Ufanele wehlele eJordani, kodwa iNzalo ka-Abrahama iyonqoba isango. Akunandaba ukuthi liyini, iyonqoba isango lazo zonke izitha.

45 Onke lawomadoda ayengamadoda adumileyo. Afela emgqeni. Kodwa, ekugcineni, ngolunye usuku eBethlehema laseJudiya, iNzalo yobuKhosi yazalwa. Okungukuthi, onke amanye ayengamathunzi nje. INzalo yobuKhosi yazalwa, hhayi ngumuntu. Kodwa Yazalwa yintombi, inaMandla emithanjeni yaYo ukunqoba ukufa nesihogo. UNkulunkulu wenza isithembiso. Umuntu phaqa wayengeke akwenza. Kodwa uma uNkulunkulu enza isithembiso, UnguNkulunkulu ofanayo nje Ayenguye emizuzwini embalwa ngaphambili, enoAbrahama, uJehova-jira, iNkosi iyozibonela indlela yokuthatha isango. Sizokwenza kanjani na? UJoshuwa wafa. UMose wafa. Bonke abanye bafa. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Iyakunqoba isango lesitha sayo.” Izokunqoba kanjani ukufa na? Inendlela yokwenza izinto. “Iyonqoba isango lesitha sayo.”

46 INzalo yoBukhosi yazalwa. Yalingwa ngandlela-zonke njengoba sinjalo. Njengoba ufanele ulingwe nje, naYo yayinjalo. UDeveli ngokushesha waYithatha, ngenkathi Yemukela uMoya oNgcwele, isehlane izinsuku ezingamashumi amane nobusuku, ukuba ilingwe. Futhi lapho Iphuma . . . Futhi ekufeni kwaYo, babethela izipikili esandleni saYo, futhi baYifela ngamathe ebusweni. Yedlula kukho konke ukugula. Kodwa ngenkathi

Ilapha emhlabeni, Yakufakazisa ukuthi Yayikwazi ukunqoba ukugula. Ngenkathi umama kamkaPetru elele egula, efe uhlangothi, yathinta isandla sakhe nomkhuhlane wamyeka. Ngenkathi onochoko ememeza esangweni, "Ngingcolile! Ngingcolile! Uma uthanda, Ungangisindisa."

47 Yathi, "Ngiyathanda. Sinda." Yanqoba futhi yathatha isango lochoko. Yathatha isango lemikhuhlane.

Yenza ukuba imvelo yonke iYilalele. YayiyiNzalo ka-Abrahama, iNzalo yoBukhosi, Le isithembiso esanikwa yona; kuYe, uAbrahama neNzalo yonke eyamlandelayo, kwenyuke kuze kuyofika eNzalweni yoBukhosi, neNzalo yonke emva kwaYo. Isithembiso sikaNkulunkulu siqinisile. Yanqoba ukugula.

Yanqoba isilingo. Ngenkathi isitha siYifela ngamathe ebusweni, sishaya umhlathi waYo, Yaphendulela esinye. Ngenkathi behluthula intshebe ebusweni baYo futhi beYifela ngamathe, Ayizange iphindise ngokuthukuthelisa. Yanqoba isango lesilingo futhi yalithatha.

48 Manje-ke wena uthi, "Ulaka lwami ngeke lungivumele ngikwenze." Wena, Nzalo ka-Abrahama, yebo, mnumzane, Yalunqobela wena.

49 Lapho Ithukutheliswa, Ayiphindiselanga ngokuthukuthelisa. Lapho kuhlekiswa ngaYo, Yathula. Lapho Ibizwa ngodeveli, Yathula. Yayinebhizinisi elilodwa, nalelo kwakulibhizinisi likaYise, futhi Yayihamba yenza lokho. Kwase kuthi-ke, ekugcineni, baYithatha bayisa esiphambanweni. Ukufa kwakufanele kubhekane naYo. Bonke abanye babenqobe izilwandle, futhi babenqobe imvelo, futhi babenqobe izingonyama, futhi babenqobe umlilo. Babenqobe konke ngaphandle kokufa. Kodwa nansi eYodwa okwakushaya ebuchosheni baYo, imithambo yaYo, futhi yayinaMandla okunqoba ukufa. Ngakho bathatha izandla zaYo futhi baYelula futhi baYibethela esiphambanweni. BaYishaya futhi baYihlubula amathambo aYo aze aYigqolozela. Kodwa lapho bekwenza, futhi benze konke ababengakwenza, ukufa kwaYishaya, kwathi, "Manje ngizoKuthatha njengoba ngenza uJoshuwa. NgizoKuthatha njengoba ngenza uDanyeli. Futhi ngizokwenza konke lokhu, ngoba ngizoKwenza ukuthi ufe."

50 Futhi Yafa laze ilanga labanamahloni ngalo. Yafa yaze yaba namahloni imvelo futhi yehluleka ukusebenza. Ilanga lashona phakathi nemini. Izinkanyezi aziphumanga. Yafa yaze yathi imisuka yezinye izinto yaba-mnyama kakhulu wawungeke ukwazi ukubona isandla sakho phambi kwakho, phakathi nemini. Sengathi ngiyayibona imvelo yathi, "Mangife kanye naYo."

51 Mfowethu! Khona-ke uDeveli wathumela umphefumulo waYo oligugu kwalasha wesihogo. Lapho amasango

avuleka, kodwa Iyaphuma ngosuku lwesithathu, yalinqoba. Amen. "INzalo yakhe iyonqoba isango lesitha." Yanqoba ukufa! Yanqoba isihogo. NgaleloPhasika lokuqala ekuseni, Yanqoba ithuna. Manje simi, singaphezu kwabanqobi, ngaYe Owasithandayo.

52 NgoSuku lwePentekoste Yehlisa uMoya oNgcwele, ukuba uqhubeke, ngabeZizwe, ukukhipha iNzalo yesithembiso. Ukunikeza abeZizwe, izilahlwa, ukubanika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubafaka eSithembisweni. Manje sinelungelo lokunqoba konke ukugula. Asidingi ukukunqoba; sekuvele kunqotshiwe. Sifanele sibize isithembiso nje futhi sihambe sikuthathe. Sekuvele kunqotshiwe. Ukufa kunqotshiwe. Isihogo sinqotshiwe. Ukugula kunqotshiwe. Isilingo sinqotshiwe. Bonke odeveli unqotshiwe. Isihogo sinqotshiwe. Ukufa kunqotshiwe. Ithuna linqotshiwe. Simi phakathi esangweni, silithatha, asidingi kudubula ngesibhamu. Sekuvele kukhokhelwe.

53 Isitha sayo, Iyonqoba isango lesitha sayo. Ingaki na? Izinkulungwane zezigidi. Iyonqoba isango lesitha sayo, zonke izitha. Yavuka kwabafileyo. Siyalinqoba ngoba Yasinika khona. Konke kuyisipho sesihle, ngaphandle kwakho konke lokho, nakho konke Ekwenzile, futhi yanqoba onke amasango. Yanqoba ukugula, yathatha isango. Into kuphela esifanele siyenze ngukwenyukela esangweni, sithi, "NgeGama likaJesu Kristu, uMnqobi!" Amen.

54 Uma sekufika esikhathini sokufa, nokufa kwathi, "Ngibhekisise ngimenza abuyisele inkolo yakhe."

55 "NgeGama likaJesu Kristu waseNazaretha, hlehlela emuva, Jordani!" INzalo ka-Abrahama ithatha isango.

56 Ngani, uPawulu wathi, ngenkathi belungiselela ukumnquma ikhanda lakhe, iNzalo ka-Abrahama, wathi, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Makabongwe uNkulunkulu Osinika ukunqoba ngoJesu Kristu."

57 Iyonqoba isango lesitha sayo, ilithathe. Manje, ayingqubuzeki esangweni. Iyolinqoba futhi ilithathe. Iyolinqoba. Lokho kuseMandleni ayo uqobo.

58 EBandleni likaNkulunkulu ophilayo, kulokhu ukusa, kubekwe aMandla okuphilisa konke ukugula. EBandleni likaNkulunkulu ophilayo kubekwe aMandla okwehlula sonke isilingo. Ekunqobeni kweBandla likaNkulunkulu ophilayo, kulokhu ukusa, kubekwe aMandla okubopha isono ngeketango bese lisilahla, bese lemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, eBandleni likaJesu Kristu.

"Noma yini eniyifisayo, celani eGameni laMi, futhi niyakuphiwa khona. Kuseyisikhashana, izwe (hhayi iNzalo, inzalo engaphendukanga enhliziyweni) lingabe lisaNgibona. Nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyoba

nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ini? INzalo yoBukhosi. "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza. Ngiyakuziqinisa Mina ukuthi Nginani, ngokuba lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

Iyonqoba inzalo yesitha sayo. Iyonqoba. INzalo yakhe iyonqoba isango lesitha sayo, akunandaba ukuthi sango lini. Uma kungukugula, izilingo, isono, noma ngabe sango lini, linqotshiwe. NeNzalo ka-Abrahama iyalinqoba.

59 Anijabuli, kulokhu ukusa, ukwazi ukuthi simi manje singaphezu komnqobi, ngaphezu komnqobi na? O, ayikho into yokulwelwa. Ukulwa sekwedlule. Impempe isikhalile. Ifulege seliphakeme. Naphakathi kwayo yonke inqwaba yesono, phakathi kwawo onke amagumbi abagulayo, kukhona isiphambano esidala esimahlikihliki, sitshalwe yiGazi likaJesu Kristu, uMnqobi. Into kuphela esiyenzayo ngukukholwa, bheka uphile.

"Ngiyakuba nani. Ngiyokufakazisa. Abantu beza ezinsukwini zokugcina, futhi bathi, 'O, awu, lokho *kwakunjalo*.' Kodwa Ngiyakuba nani. Futhi zona impela izinto eNgazenzayo, lapha emhlabeni, Ngiyoba kini, ngenza yona impela into efanayo. Khona-ke bayokwazi. BayoNgibona. I . . . Abantu baMi bayoNgibona. INzalo ka-Abrahama iyoNgibona. BayoNgazi. BayoNgiqonda. Abanye bayoNgibiza ngo, 'Belzabule,' njengoba benzile nje. Kodwa nina niyoNgazi, ngokuba Ngiyakuba nani. NiyoNgibona, ningibone ngamehlo enu. NiyoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, kuze kube sekupheleni kwezwe, zona impela izinto eNgizenzayo. Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza, uhlobo olufanayo lomsebenzi."

60 Futhi, namhlanje, iBandla likaNkulunkulu ophilayo linenhlanhla yokuma futhi libona onqobayo, uJesu Kristu ovukileyo, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, emi ekhona, ephila eBandleni laKhe, enza into efanayo naYenzayo ngaleyonkathi. Khona-ke sinqoba isango lezitha zonke.

61 Uma unesitha kulokhu ukusa, manje-ke, mfowethu, kunye kuphela . . . Uma uyiNzalo ka-Abrahama, emva kokuzwa lokhu, akukho-develi abenele esihogweni abangaligcina lelosango phambi kwakho. Lizovuleka. Angikhathali ukuthi kuyini. Khuphukela lapho, njengeNzalo ethenjisiwe, uthi, "Lokhu ngikubiza ngokuthi ngokwami. Lokhu ngokwami, ngoba uNkulunkulu wafunga ukuthi Wayezomvusa uJesu, futhi, ngoJesu, ngizokunqoba. Ngiza ngeGama lalowoMnqobi, uJesu Kristu. Hlehla. Ngiyedlula." Amen. "Iyonqoba isango lesitha." Khona-ke sukuma lapho, namahlombe akho ebhenekile nesihlangu sakho sikhazimula, simbozwe ngeGazi leNkosi uJesu. Isitha sizokuqonda.

62 Ninesidingo. Khulumani naYe manje sisakhuleka, nina eniphakathi lapha, kulokhu ukusa, nisakhothamise amakhanda

enu. Futhi uma unesidingo, ungasiphakamisa nje isandla sakho sibheke kuJesu na? Futhi ukukhulume nje enhliziyweni yakho, enhliziyweni yakho, futhi uthi, "Nkosi, Uyasazi isidingo sami. Manje, ngizwile, kulokhu ukusa, futhi lelo yiBhayibheli, 'Iyonqoba isango lesitha.' Ngiyeza ukuzonqoba isango. Mhlawumbe nginolaka. Mhlawumbe ngidinga uMoya oNgcwele. Isono singibophele phansi. Nginesidingo. Kodwa ngiza esangweni manje. Ngizolithatha, kulokhu ukusa, isango lami. Ngakho, deda, ngiyeza ngizokwedlula."

63 Nkosi ebusisiweyo, Uzibonile zonke lezizandla. Futhi Uyazi ukuthi leli yiZwi laKho, Nkosi. NgiLicaphunile kuphela, futhi ngalehlisa ledlula emiBhalweni. Izimilo zeBhayibheli, zokuthi bayinqoba kanjani imibuso futhi basebenza ukulunga, futhi bacima umlilo, amandla omlilo, futhi baphepha osikweni lwenkemba, bavimba imilomo yezingonyama, futhi, o, kakhulu futhi, abesifazane bamukeliswa abafileyo babo bevusiwe, nezinto eziningi, ngoba Wakwethembisa. Yisithembiso saKho, "INzalo yakhe." "INzalo yakho, Abrahama, iyonqoba isango lesitha." Futhi Uyasigcina isithembiso saKho.

64 Manje baphe, Nkosi, isifiso senhliziyo yabo. Kwangathi bangahamba besuka lapha sebengumuntu ohlukile. Kwangathi bangahamba, bazi ukuthi ba—bangabanqobi, ngenxa yokuthi iNzalo yoBukhosi yabanqobela. INkosi yoBukhosi, lapho Ifika, izalwa yintombi, Yanqoba zonke izitha, ngisho nokufa. Ngakho ukufa qobo lwakho ngeke kwayesabisa iNzalo ka-Abrahama. Sinesithembiso sokuthi siyodla ifa lomhlaba, futhi siyobuya futhi ngendlela esinenkazimulo kakhulu, emzimbeni okhazimulisiweyo, emva kokuba isitha sokugcina sesibekwe phansi konyawo, somntwana kaNkulunkulu wokugcina kuphela oyongena eMbusweni.

65 Uma bekhona labo abaphakamise izandla zabo, Nkosi, oyizoni, basindise. Labo abahlubukayo, mabazi ukuthi abadingi ukuthi bahlale bengumhlubuki. Angalinqoba lelosango lokuhlubuka. Mhlawumbe lowo onolaka, o—olunenhlamba, ulimi olungcolile, noma inhliziyo ekhanukayo, noma leyo ehahela, yonke imali, noma—noma into ethize enokungcola, mabazi ukuthi bangalinqoba lelosango. Mhlawumbe ngukugula, Nkosi, izinhlupheko. Bangalinqoba lelosango, "Ngokuba Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Singabanqobi, kulokhu ukusa. Siphe khona, Nkosi.

Futhi nangaphandle kwakho konke lokho, lowomsebenzi omkhulu owenziwa nguYe, nokho Unathi. Nokho, Wethembisa ukuthi Uyokwenza. "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, kepha nina niyakuNgibona; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka."

Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Wena Uzozazisa kulowo nalowo, kulokhu ukusa. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

66 Niyakholwa ukuthi lokho kuyiQiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngesizotha kukholweni ukuthi kuyiQiniso, kungekho nokukodwa ukuxegaxega kokungabaza enhliziyweni yakho. Manje khumbulani lokhu nje. Ukusebenza kukaMoya oNgcwele kulula ngangokuthi kudida umqondo wesihlakaniphi. Into elula kunazo zonke izinto esengake nga . . . Ngibone uMoya oNgcwele wenza lokhu. Ngisho izinto ezi, ngani, ebengingekucabange kangaleyondlela. Ukuba bengizosebenzisa umqondo wami uqobo, bengizothi, "Awu, lokho bekungeke kwalunga." Kodwa kuhlala kulungile njalo. Wenza izinto kalula kangako nje. Futhi Wenza izinto ukuba Azazise kubantu baKhe. UNkulunkulu unabantu baKhe. Uphakathi kwabantu baKhe. Uyabathanda. Futhi Ufuna ukubenzela, nokubasiza; nokubazisa nje, hhayi ukuthi lokho A*yo*kwenza, kodwa lokho Akwenzile. Usevele ukwenzile. Kungokwakho. Sekungokwakho. Kuyisipho sesihle esivela kuNkulunkulu uBaba wethu, eBandleni laKhe.

67 Manje umqondo wesihlakaniphi uzosonteka kakhulu kanjani, njengasezinsukwini zikaDanyeli, nasezinsukwini zabantwana bamaHeberu, na—nabaningi esikhulume ngabo kulokhu ukusa. Niyabo, izwe elikhulu lezihlakaniphi ngalolosuku kwakul'khuni nje ukunqoba njengoba kunjalo manje. Bekuyilokhu kuyisitha njalo, endleleni yabo yokubona, nesayense yabo yesimanje nezinto, nayo yayixakile nje nezinto, emqondweni ngaleyonkathi, njengoba injalo eyethu namhlanje. Niyabo, kwakuyinto efanayo. Kodwa kwakukhona labo, njalo, ababenesibindi sokuhlala lapho futhi bathi, "UNkulunkulu uqinisile. IZwi likaNkulunkulu liqinisile."

68 Futhi, nina, awudingi ukunqoba, ngoba Wanqoba. Into kuphela odinga ukuthi uyenze ngukwenyuka nje bese uyathatha, ume esangweni, uthi, "Kungokwami. Lokhu kungokwami. UNkulunkulu wangipha khona, insindiso yami. Uma ngifuna uMoya oNgcwele, uNkulunkulu wangipha Wona. Isithembiso singesami, kubantwana bethu, bonke wonke okude, iNkosi yethu eyakumbiza." Yingakho ngimi. Nje . . .

69 Inkonzo yami, yalokhu ukwahlukanisa kokubona okufihlakele njalonjalo, kuzophela masinya manje. O, iyohlala ikhona. Kodwa masinya izokuqeda lokhu, ngoba iya entweni ethize enkulu kunalokho. Niyabo? Iyenyuka; isuka ekubambeni ngesandla, yenyukele ekwahlukaniseni kokubona okufihlakele, futhi manje ilungela ukwenza okunye. Niyabo? Iboneni. Ibhekisiseni futhi nazi ukuthi kuyiqiniso. Niyabo? Ngiyazi ukuthi kuyiQiniso. Futhi izohamba ibe nkulu kunalokho, iphakame kakhulu, ibe ngcono. Impela. Ngani, Wakwethembisa. Futhi Akwethembisayo, Uyakwenza. Ngeke Ehluleka esithembisweni saKhe. Futhi siyini na? UBukhona

baKhe banjalonjalo bunathi, ukukuvumela, ukunazisa ukuthi Unithathele isango.

70 WayeyiNzalo yoBukhosi. Akekho owayengathatha lawomasango kepha nguYe. Bonke labo emuva lapho babeyizithunzi zokufika kwaKhe. Kodwa lapho Efika, kwaqeda konke ukulwa. Ukulwa kwaqedwa eGetsemane naseKalvari. Futhi manje simi nje, njengabanqobi. Akukho kulwa okufanele kwenziwe. Si. . . Ukulwa sekuphelile. Sekungokwethu nje, sinencwadi ekhishiwe yelungelo kukho. Igaranti ebhalwe nguNkulunkulu, uBaba wethu, Owaphakamisa isandla saKhe, wathi, "Ngizozifunga Mina ukuthi iNzalo yakhe iyonqoba isango lesitha." Nakho. Selivele lithathiwe. "*Ya*linyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Ngemivimbo yaYo siphilisi*we* thina." Sekuvele kwenziwe. Sekungumsebenzi osuqediwe. Siyalinqoba nje. "Nemisebenzi engiyenzayo Mina, nani ngokunjalo." INkosi inathi, kulokhu ukusa. Izibusiso zaYo ezinkulu, uMoya oNgcwele, uhamba phezu kwethu. Ukuzwa lokho kuzwa okuhle kakhulu, ukwazi ukuthi impela kune. . . kusemgqeni neZwi likaNkulunkulu. Kusinika induduzo emangalisayo, ukwazi ukuthi—ukuthi uNkulunkulu unguBaba wethu.

71 Manje, ngiyakholwa, ngabe u—ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko kulokhu ukusa na? Ngimtshelile, kulungile, uma kungabangabikho-muntu ngaphandle nje kwabantu betabernakele, awu, angawakhiphi amakhadi omkhuleko. Kodwa uma beku—kunabayishumi, abantu abayishumi nanhlanu, noma okuthize, izihambi emasangweni, ngani, ukukhipha amakhadi omkhuleko, ukuze sibakhuphule futhi sibakhulekele. Bangaki oyisihambi onathi kulokhu ukusa na? Phakamisa isandla sakho. O, he! Impela. Kukhona ishumi nanhlanu noma amashumi amabili alabo. Kulungile. Sizowamisa umugqa lamakhadi omkhuleko futhi sibenyusele emsamo. Niyabo, isizathu sokuba ngisho ngabantu base "tabernakele", balapha.

72 Lokhu ukwahlukanisa ngokubona okufihlakele. Khumbulani, ngikhuluma lokhu. Ukwahlukanisa ngokubona okufihlakele masinya kuzoba sekupheleni. Kuzobakhona okukhulu kakhulu nokungcono kakhulu, ngendlela nje. Bekukhona, engibaziyo, niyabo ngibuka abafowethu ababili manje, obemi nami izolo, ngenkathi lokho kwenzeka, niyabo, futhi nakuthangi ngenkathi kwenzeka. Futhi kukathathu kulandelana, manje, kwenzeka, ukuqiniswa ukuthi sekuseduze impela manje, niyabo, nje sekuzokwenzeka.

73 Manje, Nkosi, Wena unguNkulunkulu, nathi siyizinceku zaKho. SiyaKubonga ngeZwi laKho, ngoMoya oNgcwele Obusise izinhliziyo zethu. Futhi manje siyajabula. Sihlezi lapha, sazi ukuthi singabanqobi. Sesivele siwanqobile onke amasango esitha. Linikwe thina, futhi sinesikelemkhiye esandleni sethu. IGama likaJesu Kristu liyo un-. . . vula onke amasango esitha.

Thathani lesisihluthulelo, isihluthulelo seGama likaJesu, bese un-. . . vule onke amasango esitha abenibophile anisusa kunoma yisiphi isithembiso.

Futhi, Nkulunkulu, kulokhu ukusa siza eGameni likaJesu, ngalesisihluthulelo, ukuvula amasango abagulayo nabahluphekile. Ngokuba kulotshiwe e—eZwini laKhe, "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni. Bakhulume ngezilimi ezintsha. Futhi uma bephatha izinyoka, noma baphuze okubulalayo, angeke kubalimaze. Bayakubeka izandla kwabagulayo basinde." Siyazi ukuthi lezozinto ziyiqiniso. Futhi siphe, kulokhu ukusa, Nkosi, ukuthi bazosinda, abantu bazokwazi ukukubona lokho, ngokubonakaliswa kweZwi kwenziwe inyama futhi kuhlala phakathi kwethu, ukuthi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Futhi kwangathi bangakwemukela futhi baphiliswe, kulokhu ukusa, kukho konke ukugula kwabo nezifo nezinkathazo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

74 Ungalidlala, Teddy, *Kholwa Kuphela*, ngokuthula futhi lishayelwe phansi, uma uthanda.

Futhi ini? Uqalile kowokuqala na? Inombolo yokuqala, ikhadi lomkhuleko. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, kumbe noma ngabe yiliphi elikhona. Kulungile. Ningake nithi nje ngokuthula, uma ningasukuma, nize *ngapha*.

[Omunye uthi, "Bangaki obabizile?"—Umhl.] Hhe? [Omunye uthi, "Yilokho. Yilokho."] Cishe . . .

Ake sibone, inombolo yokuqala, inombolo yesibili. Ubani onekhadi lomkhuleko eliyinombolo yokuqala na? [Umfowethu uthi, "Nginalo."—Umhl.] Yebo. Inombolo yesibili. Kulungile, mnumzane. Inombolo yesithathu, inombolo yesine, inombolo yesihlanu, inombolo yesithupha, inombolo yesikhombisa, inombolo yesishiyagalombili, inombolo yesishiyagalolunye, inombolo yeshumi.

75 Besenza indlela yabo futhi bethatha izindawo zabo zokuma, ngithanda ukubuza umbuzo kwabanye bonke benu. Bangaki, ngabe bakhona abantu betabernakele lapha, ogulayo na? Abantu betabernakele, phakamisa isandla sakho. Cishe ezinhlanu . . . ezine, ezinhlanu, eziyisithupha, eziyisikhombisa, eziyisishiyagalombili. Izandla eziyisishiyagalombili noma eziyisishiyagalolunye. Ngabe ukhona lapha etabernakele, ongekho lapha etabernakele, abayizihambi kithi, noma ungahle ukuba ungene emva kwenkonzo futhi awungalithola ikhadi lomkhuleko na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Noma ubani onesidingo sikaNkulunkulu, onga . . . o—ongezi kulelitabernakele. Noma ubani lapha ongesilo amalunga alelitabernakele, kepha—kepha nokho ugula futhi awunalo

ikhadi lomkhuleko, ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni? Ungasiphakamisa isandla sakho, wonke umuntu? Kulungile. Kuhle lokho. Kulungile.

76 Manje ngizonicela nje ukuthi nje nithobe ngakho konke, nje o—nje okwemizuzu embalwa, sizobe-ke sesiqala khona manjalo futhi siqale. Manje asibone. Inkulu kangakanani indawo onayo esasele, Mfowethu Billy? Kulungile. Ingabe lowo unenonombolo yeshumi phezulu lapho na? Ngibize kusukela kweyokuqala kuya kweyeshumi.

Eyeshumi nanye, eyeshumi nambili, eyeshumi nantathu, eyeshumi nane, eyeshumi nanhlanu, mabame manje. Uma beyinombolo yeshumi, ishumi nanye, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu, mabasukume. Kulungile. Eyokuqala, eyesibili, eyesithathu, eyesine, eyesihlanu, eyesithupha, eyesikhombisa, eyesishiyagalombili, eyesishiyagalolunye, eyeshumi, eyeshumi nanye, eyeshumi nambili. Kusele cishe ezinye ezimbili, kusukela kweyokuqala kuya kweyeshumi nanhlanu. [UMfowethu Branham ubalela phansi—Umhl.] Ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili.

77 O, awulinde kancane. Ngi—ngimtshele ukuba nje anikeze abantu amakhadi omkhuleko obengesuye owetabernakele. Kunjalo. Niyabo? Isizathu, kuzobakhona, niyabo, ukwehlukanisa ngokubona okufihlakele. Abantu bathi, "Lababantu beza etabernakele." Niyabo? Ngi—ngiyakutshela. Bangaki kobelapha . . . ongakaze abelapha ngaphambili na? Ake sibone isandla sakho, akukho muntu osewake waba komunye wemihlangano yami ngaphambili. Kulungile. Kulungile.

Manje, kulungile, umzuzwana nje manje, Mfowethu Teddy.

78 Manje ngingasho lokhu, ukuthi, nonke uzwile ngemihlangano, ukuthi uhamba kanjani, nokho, nizwile, bonke abantu akade besemihlanganweni na? Niyabo? Ngenkathi iNkosi yethu UJesu yayiselapha emhlabeni, Ayizishongo ukuthi ingumphilisi. YayiyiNzalo ka-Abrahama, impela, futhi Yayinesithembiso Eyayinaso. Yathi Yayingenzi lutho Ize iboniswe nguBaba. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi Yathi, "Ngingenze lutho aze uBaba angibonise ukuthi angenzeni." Futhi Yakubona nge . . . Hhayi ukuthi "ngize ngi*tshelwe* nguBaba." "Aze uBaba aNgi*bonise*." UJohane oNgcwele 5:19, "ENgibona uBaba ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo."

79 Manje lapho I—Ifika, sithola ukuthi, ekuqaleni kwenkonzo yaYo, ukuthi emva kokuba Isithathe isi—isihlalo sikaDavide . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Uma sikhuluma ngokukamoya, i . . .

Lapho uMoya oNgcwele wehlela phezu kwaYo embhaphathizweni, kaJohane, futhi Iba nguMesiya ogcotshiweyo. Manje, khumbulani, YayiyiNdodana kaNkulunkulu ngenkathi Izalwa. YayiyiNdodana kaNkulunkulu ezalwa yintombi. Kodwa lapho Iba nguMesiya, yingalenkathi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwaYo, ngoba u *mesiya* kuchaza ukuthi "ogcotshiweyo." Niyabo? Futhi YayiNgogcotshiweyo ngenkathi uMoya oNgcwele wehlela kuYo. Nangizwa ngishumayela ngokuthi *IWundlu NeJuba*. Manje-ke sithola ukuthi, lapho I. . .Emva kwezinsuku zaYo ezingamashumi amane zokulingwa, Yaphuma.

80 Futhi yaqala kanjani inkonzo yaYo, futhi yaphela kanjani na? Sithola ukuthi, enkonzweni yaYo ukuthi kwakukhona umuntu othiwa uAndreya, owahamba wafumana umfowabo, uSimoni, umdobi, futhi wamletha kuJesu. NoJesu wamtshela, wathi, "Igama lakho unguSimoni. Igama likayihlo nguJonase. Kusukela manje usuzobizwa ngo*Petru*, okusho 'itshe elincane.'" Niyakukhumbula lokho na? Nalomfo washaqeka kakhulu kulokho uJesu amtshela khona!

Manje, ngabe uMesiya wayefanele enzenjalo na? Bangaki okwaziyo lokho, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen"—Umhl.] Wayezoba nguNkulunkulu-Mprofethi. Yebo, mnumzane. UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyonivusela uMprofethi onjengami. Kuyakuthi ongayikuzwa loMprofethi anqunywe kubantu."

81 Manje, manje-ke uma sithola, kamuva, kwaKhe. . . "Weza kwabaKhe uQobo." Babengobani labo na? AmaJuda, ngemvelo. "Futhi kanjalo abaKhe uQobo abaMemukelanga," ngakho Wayeseba-ke. . .Manje kuzofanele kuye kwabeZizwe, niyabo, ngoba abaKhe uQobo abaMemukelanga. "Kepha labo abaMemukelayo, Wabapha amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu." Ngakho manje Usephendukele kwabeZizwe, futhi ubelokhu ekubo, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Kodwa manje qaphelani izinto Azenzayo.

82 Khona-ke uFiliphu, emva kokuba esekubonile lokhu kwenziwa, wahamba wafumana uNathanayeli, wase etshela uNathanayeli ukuthi ubani ayemfumene nalokho Ayekwenzile. Futhi lokho kwabashaqisa. Akubanga l'khuni ukukukholwa. Kodwa lapho esefika eBukhoneni beNkosi uJesu, ngenkathi esefumene lapho Ayekhona, ukhuphukela eBukhoneni baKhe, uJesu wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye."

83 Manje, ukuba wawumi lapho, ucabanga ukuthi wawuyoba semoyeni ngokwenele ukuba uqonde ukuthi Lowo kwakungubani na? Ucabanga ukuthi wawungakwenza na? Manje bhekisisani. Niyabo? LowoMuntu, isiHambi nje, i fi-. . .lapho, ngahle ukuba Wayengumdobi. Wayengumbazi, yilokho Ayeyikho. LoMuntu ongumbazi emi lapho, uMuntu

obudala obuphakathi kwendima yempilo. Futhi nakhu kukhuphuka lomuntu. Wambuka, njengenye yalamadoda lapha, wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye." Awu, Wayengamazi kanjani ukuthi wayenguImsrayeli na? Hhayi ngendlela ayegqoke ngayo, ngoba bonke babegqoka ngokufanayo. "Okungekho-nkohliso kuye." Wazi kanjani ukuthi wayengumuntu o—ongenankohliso na?

84 Ngakho kwamshaqisa lomuntu. Eyikholwa langempela, wathi, "Rabi," noma mfowethu, mshumayeli, mfundisi, "Uze wangibona kanjani na?" Niyabo, wayeMbuza.

85 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

Wathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu wena. UyiNkosi kaIsrayeli."

86 UJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokhu, manje uyaNgikholwa na? Manje uzobona izinto ezinkulu kunalokhu."

87 Futhi yingalesosizathu ngikholwa ukuthi iBandla likaNkulunkulu ophilayo lizobona into enkulu kunalena. Ilungiselela ukungena ngqo kuyo manje, kafushane, niyabo, ngoba bakukholiwe. Labo abakwenqabile, ngenxa yemigoqo yamahlelo, ngiyangabaza ukuthi ngabe kukhona yini abayokukholwa. Niyabo? Izinto . . . Kuyoya ngokuthi uhamba ekuKhanyeni noma uphuphutheke. UkuKhanya kuyaphuphuthekisa, noma kumbe kubonisa indlela.

88 Izinyoni ezincane, engazithola, esiThombeni seNkululeko. Qiniseka ukuba ukubone lokho, Mfowethu Thoms, uma ukhuphuka, uyabo. Zizingqubuza kuphume ubuchopho bazo, zizishayisa lapho. Futhi ngathi, "Kwakuyini indaba na?"

89 Bathi, "Esikhundleni sokulandela ukukhaya, esiphephweni, ekuphepheni, zizama ukushaya ukukhanya zikucime. Ziyazibulala."

90 Yileyonto kuphela eyenzekayo uma uzingqubuza ekuKhanyeni, uyazibulala, ngokomoya. Hamba ekuKhanyeni nje njengalokhu Yena esekuKhanyeni, khona-ke siyoba nenhlanganyelo omunye nomunye, onke amabandla ayokholwa futhi aqhubeke ejabulela izibusiso zikaNkulunkulu. Kungebeyisimangaliso leso na?

91 Bukani owesifazane waseSamariya ngenkathi efika. WayengumSamariya, manje (hhayi iJuda), umSamariya. Futhi Wathi, "Ngiphuzise." Nengxoxo yaqhubeka.

Lokhu ngokwezifiki manje.

92 Nengxoxo yaqhubeka. Manje, wayengaMazi enguMesiya. Wayengu—nguMuntu nje, iJuda. Niyabona ukuthi washo kanjani kuqala na? Wathi, "Ngani, akusilo isiko ukuba ninamaJuda nikhulume nowesifazane ongumSamariya kanje." Wathi, "Asidlelani."

93 Wathi, "Kodwa uma bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, nga ucele kiMi ngikuphuzise. Futhi beNgizokulethela, ngikunike amanzi ungezi lapha uzokha."

94 Ngani, wathi, "Manje umzuzu nje." Wathi, "Sikhuleka kulentaba, futhi—futhi nina-maJuda nikhuleka eJerusalema."

95 UJesu wathi, "Kodwa ihora liyeza lapho—lapho ningayikukhuleka eJerusalema noma lentaba, kodwa eMoyeni. Ngokuba uNkulunkulu unguMoya, abakhuleka kuYe bafanele ukukhuleka kuYe ngoMoya nangeQiniso." Niyabo? Awu, Waqhubeka, eqhuba ingxoxo Waze wathola ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe. Ini, niyazi ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi na? Ukhona owaziyo ukuthi kwakuyini inkinga ayenayo owesifazane emthonjeni na? Wayenamadoda amaningi kakhulu, wayengenawo na? Ngakho Wathi kuye, "Hamba ubize indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

96 Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale onayo kalokhu ayisiyo eyakho."

97 Wathi, "Nkosi!" [Mnumzane] Manje mbhekisiseni. "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena."

Uma uhlehla nalowombhalo ongasemgqeni, uzothola. "Nkosi," kwelasekuqaleni, "Wena, ngiyabona, ukuthi Wena uyi*lowo*mProfethi." Khumbulani, eBhayibhelini, kulokhu kuthi, "LowomProfethi, U 'yilowomProfethi na'?" KwakumProfethi muni na? LoWo uMose athi uyovuka.

"Ngiyabona ukuthi ungumProfethi Wena. Manje, siyafundiswa, futhi siyazi uma uMesiya efika, Uyozenza lezizinto." Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Kunjalo na? Ukwazi ukuthi inkathazo yakhe yayiyini. Wathi, "Siyazi uma uMesiya efika, Uyakusitshela lezizinto. Kodwa Ungubani Wena na?"

Wathi, "NginguYe, okhuluma nawe."

98 Washiya imbiza yakhe yamanzi. Wagijimela emzini, awubheke nje, ebambe inhliziyo yakhe. Futhi ethi, ebambe izandla zakhe esifubeni sakhe egxuma nje, ethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzileyo. Kungebe-nguye impela uMesiya lona na? Kungebe suye impela Lona iBhayibheli elathi uyofika na? YiJuda lihlezi phandle lapho, uMuntu ojwayelekile nje, ebukeka efana nombazi. Kodwa Ungitshele ukuthi benginamadoda ayisihlanu, futhi nonke niyazi yiqiniso lelo. Lona kufanele kube nguMesiya." Kunjalo na?

99 Manje, uJesu wathi, "Kuseyisikhashana, ibanga lesikhathi elincane, izwe lingabe lisaNgibona. Nokho, nina niyoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini. Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Ngisho neminingi kunaleyo eNgiyenze

lapha, nani niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba, ngibuyele esimweni sikaMoya."

Imhlatshelo usukhokhiwe. INzalo yoBukhosi yafa; iNzalo yoBukhosi yavuka futhi. Manje iBandla limi lilungisisiwe, ngokukholwa lokho, neNzalo yoBukhosi ingangena kulababantu futhi ibenze ngisho babe yizindlalifa ezihlanganyele, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

100 Manje, kini nonke enilapho, eningekho kulomugqa womkhuleko, ngimtshele ukuba nje anikeze amakhadi kubantu aba . . . Ngenkathi ngimbiza kulokhu ukusa. Ubengibizile, wathi, "Ufuna ukwehla unikezele ngamakhadi omkhuleko, baba na?"

101 Ngathi, "Uma kukhona abantu abaningi abayishumi okungesibo abasetabernakele."

102 Manje, ngezinye izikhathi etabernakele ngiyababiza futhi ngibanike amakhadi omkhuleko. Uyabuya, uthi, "Awu, ubebazi. Bebengabasetabernakele. Ubesazi isimo sabo. Impela."

103 Bese ngijika, ngithi, "Labo nje abangesibo abasetabernakele, wozani. Kulungile. Nina eningenatabernakele, kuzoba yinina ongena emgqeni womkhuleko."

104 "O, besingabazi," kusho itabernakele. "Asazi ukuthi yini inkathazo yabo. Angahle ukuba ubeqamba amanga ngakho." Niyabo?

105 Bese ngithi, "Akukho-muntu ozayo. UMoya oNgcwele awucaphune labo ophakathi lapha ongesuye owasetabernakele, ohlezi laphaya nje." Noma kunjalo, uvele nje . . .

106 Akukho-ndlela nhlobo, yokuyisa umuntu kuNkulunkulu, ngaphandle uma ekumiselwe ngaphambili ukuba yindodana kaNkulunkulu. Akukho-ndlela nje yokukwenza. UJesu wathi, "Akekho umuntu ongeza kiMi uma uBaba waMi engaMdonsi." Futhi yiQiniso lelo. Konke Akwenza, kwakukhona okuthize okuphambene. "Uma Akwenza nga*le*ndlela, kwakufanele kube nga*le*ndlela. Nanga*le*ndlela, kwakufanele kubuye nga*leyo*ndlela." Niyabo, kungukungakholwa nje. Kodwa ukuhlakanipha kulungiseka ngabantwana bakhe. Ngakho, wena, uyabo.

107 Manje lapha, ngizama ukusho ku—kulelibandla labantu, lokhu, ukuthi uJesu Kristu wayeyileyoNzalo yoBukhosi. Akusithi; nguYe. Siyizindlalifa zalokho nje, kodwa zonke izinto zingezethu. Ukuba-ke wawumi lapho ngalolosuku ngenkathi kukhuphuka uSimoni na? Futhi, wena, kungekho-muntu . . . Lena yinto yokuqala Ake ayenza.

108 Manje, leyo kuzoba yinto yokuqala ngalababantu, uma Ekwenza. Abakaze bakubone ngaphambili.

109 Kodwa ngenkathi uSimoni ekhuphuka, umdobi omdala, engenayo imfundo eyenele ukusayina igama lakhe esiqeshini

sephepha. IBhayibheli lathi waye "yimfunda futhi engafundile." U *futhi* yisihlanganiso. Kokubili, "yimfunda futhi engafundile." Kwase kuthi-ke ngenkathi Ekhuphuka, esibonakalisweni, impoqo . . . UJesu, uJesu wathi, "Igama lakho nguSimoni." Ucabanga ukuthi wacabangani na? Wawuyocabangani wena ukuba wawukade umi lapho na? "Negama likayihlo nguJonase. Futhi kusukela manje uzakubizwa ngoPetru." Ini, wawuyocabangani wena na? Ngabe uMuntu wayefunda umqondo wakhe na? Awu, wawuyocabangani wena na? Wawuyocabanga ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya na?

110 Uma leso kuyisibonakaliso sikaMesiya onyakeni owodwa, kuzofanele kube yisibonakaliso sikaMesiya, unyaka wesibili, unyaka wesithathu, unyaka wesine. Yonke iminyaka izofanele ifane, ngoba uNkulunkulu angeguquke. Futhi bangaki owaziyo ukuthi uMesiya wayenguNkulunkulu na? Impela. KwakungoGcotshiweyo. Impela. Ngakho Angeguquke. Uzofanele afane.

111 Yingalesosizathu Wayefanele afakaze ngento efanayo kumaSamariya Akwenza kumaJuda. Ngoba, izizwe ezintathu zabantu zingabantu bakaHamu, uShemu, noJafethe; iJuda, oweZizwe, nomSamariya.

112 Manje, niyawuqaphela uMoya oNgcwele na? Bangaki owaziyo ukuthi uPetru wayenezihluthulelo kuwo uMbuso na? Niyaqaphela, Wawuvula ngoSuku lwePentekoste, kumaJuda. UFiliphu wehla wase eshumayela kumaSamariya, futhi wawabhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, kodwa uMoya oNgcwele wawungakehleli kubo. Babefanele bathumele futhi bathole uPetru, owabeka izandla zakhe phezu kwabo base bemukela uMoya oNgcwele. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nendlu kaKorneliyu, o—oweZizwe waWemukela. Lokho kwakuyilokho konke okwakho. Kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, usemukeleke kubo bonke nje manje. Ngakho nakho lapho okhona, uyabo, Wafanele akuvule. UNkulunkulu unezindlela zokwenza izinto.

113 Manje, kulokhu ukusa, uma Lona Owanikeza isiThembiso eNzalweni, futhi uma inzalo ihlezi lapha . . . Ngifuna ukunikholwa nonke ukuthi niyiyo. Uma iNzalo ihlezi lapha, ngempela iNzalo izosibona isiThembiso. Manje, ngamunye walababantu omi lapha baphakamise izandla zabo, abakaze ngisho babe semihlanganweni ngaphambili. Bayizihambi kimi. Angazi noyedwa wabo. Bavele bangena lapha nje. Futhi emizuzwini embalwa eyedlule, uBilly ubanika ikhadi lomkhuleko, futhi nampa bemi lapha. Niyinqwaba khona lapho, eniphakamise izandla zenu, ukuthi beningenawo amakhadi omkhuleko, futhi benilokhu niyizihambi lapha. Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Kholwani nje ukuthi niyindlalifa yalesosithembiso. Kholwani yilokho nje ngemivimbo yaKhe

niphilisiwe. Futhi kukholweni lokho ngenhliziyo yenu yonke, futhi niMbhekisise.

114 Into kuphela lesisiphiwo esiyiyo, ngukuthi nje uzithobe kuYe. Angisho lutho; nguYe oshoyo. Futhi uma KunguMoya waKhe wesiprofetho, umprofethi njalo wayenoISHO KANJE INKOSI. Kwakuhlala kuqinisile njalo. Futhi ungayibuzi iMfundiso, ngoba izohambisana neBhayibheli, uma kunguNkulunkulu. UNkulunkulu angeke asho into ethize, bese-ke ebuyela emuva kuyo futhi bese eyisonta eyijikisa. Izofanele ibe yinto efanayo ngaso sonke isikhathi.

115 Manje, nina enikhona lapho, kholwani. Ngakho konke okukini, kholwani. Manje ningabe nisanyakaza. Hlalani nje nithule ngempela manje, wonke umuntu.

Shaya ngokunensa kancane ngempela nje naphansi ngempela.

Kwenzeka ukuthi, kulokhu ukusa, ukuthi umuntu wokuqala omi lapha ngowesilisa. Manje sizothatha lomBhalo.

116 Manje niyabona lapho engimi khona na? Bangaki abangakuqonda lokho na? Nampa abesilisa nabesifazane abami lapha, amehlo ami angakaze ababone, empilweni yami. Abakaze babekhona ngisho nasemhlanganweni, futhi niyababona lapho abemi khona. Abazi ukuthi kuzokwenzekani. Angazi ukuthi kuzokwenzekani. Kodwa uNkulunkulu wakwethembisa. UAbrahama wayengazi ukuthi kwakuzokwenzekani ngenkathi ehosha umese ukuba abulale uIsaka, kodwa uNkulunkulu wamethembisa. Lokho kwakuxazulula. Wayemamukele njengovela kwabafileyo, azi ukuthi Wayekwazi ukumvusa kwabafileyo. Kunjalo na? Ngakho lokho kuyakuxazulula.

117 Manje, nakhu kumi owesilisa ngakimi, angikaze ngimbone, angazi lutho ngaye. Siyizihambi omunye komunye. Asazani. UNkulunkulu usazi sobabili.

Manje, ngesiphiwo saPhezulu, uma nje ngingathi ngesiphiweyo . . . Manje, lezoziphiwo zizalwa kuwe. UNkulunkulu wasimisela ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngakho bekungezukuba yilutho ebenginalo, ukuthatha isiphiwo. UNkulunkulu wavele wakhetha lokho nje. Angizange ngikukhethe lokho. Wakukhetha lokho. Niyabo? Njengabaprofethi baseTestamenteni eLidala, nabantu abehlukene, bakumiselwa ngaphambili ukuthi bakwenze, ukwenza lokhu.

118 Manje, uma owesilisa egula, ngeke ngamphilisa. Uma owesilisa enesidingo, kuyoya ngokuthi yini abeyifuna ukuthi ngingamsiza noma qha. Kungahle, uma bekungenye into enjengokuthi a . . . into ethize encane ebengingamsiza kuyo, ngani, bengingajabula ukukwenza. Mhlawumbe unolaka. Mhlawumbe akasuye ngisho nomKristu. Mhlawumbe

ungumKristu. Mhlawumbe ungumkhohlisi. Angazi. Uma-ke engohlasela ngesinyenyela nje, lo owangena ngesinyenyela, bese ekhuphukela lapha bese ezenza sengathi ungenye into na? Bhekisisani ukuthi kwenzekani, niyabo, nje—nje bukani ukuthi kwenzekani. Angazi.

119 Kodwa, uyabo, umi lapha, khona-ke ungama ngokuphelele, wazi ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe. Niyabo? Manje, uma uNkulunkulu egcina isithembiso saKhe, phakathi, khona lapha manje, kulababantu; bangaki khona lapho ozohlala khona lapho, nangayo yonke inhliziyo yakho uzokukholwa na? Yonke inhliziyo yakho, uzokholwa na? Khona-ke ngikholwe nje.

120 Manje asibone. Asithathe umBhalo. Manje, uSimoni Petru wafika eNkosini uJesu. Futhi ekufikeni eNkosini uJesu, iNkosi uJesu yamtshela ukuthi wayengubani, futhi wa—wamtshela izinto ngempilo yakhe. Awu, uJesu ofanayo uyaphila namhlanje. U. . . Niyakholwa ukuthi Wavuka kwabafileyo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uMoya wobuMesiya uphila eBandleni ngqo, namhlanje, ngokufanayo nje njengoba Wawuhlale wenza na? ["Amen."] Kulungile.

121 Manje, nina enisezethamelini, ongenalo ikhadi lomkhuleko, bheka ngapha bese uthi, "Nkosi!" Kusobala, akukho-makhadi omkhuleko ezethamelini, nginabo bonke bami lapha. Wena osezethamelini thana, "Nkosi, ngithinte Wena." Uthole ukuthi kwenzekani. Uthole ukuthi kwenzekani . . . ? . . .

122 Manje, mnumzane, ukuba ibikhona indlela ezweni yokukusiza, bengizokwenza. Niyabo, mina nje, siyizihambi nje lapha, futhi ngi—ngiyaqala ukunibona. Kodwa nginomthwalo, njengomfundisi, ukukhuluma iQiniso nokuba ngufakazi kaJesu Kristu. Futhi, manje, angifuni ningitshele lutho. Ngifuna nje ningiphendule ukuthi kuyiqiniso noma akusilo, bese ngidedela Yena akwenze. Futhi uma Ezokwenza indlela efanayo lapha emsamo, ngalomzimba, Akwenza ngomzimba kaJesu!

Lowo nguNkulunkulu, kuKristu. UJesu wathi, "Angenzi lutho aze uBaba, okiMi, aNgibonise. UyaNgitshela ukuthi angenzeni." Ngakho kwakungesuye uJesu owatshela owesifazane. KwakunguBaba, kuYe, owatshela owesifazane. Kwa—kwakungesuye uJesu owayazi ukuthi uSimoni Petru wayengubani, kwakunguBaba owayehlala kuYe, wayazi ukuthi uSimoni Petru wayengubani. Yilokho-ke. Niyabo? Yilokho-ke.

123 Ngingakutshela, manje, ungumKristu, yebo, mnumzane, ngoba uno—no—nomoya owemukela ngokungqangqazela okufudumele. Futhi, yena, uyikholwa. UngumKristu. Futhi uguliswa yisimo semizwa okukunikeza inkathazo yesisu. [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Kunjalo na? ["Kunjalo."] Niyabo? Niyabo? Manje, kunjalo. Yini eyenze lokho na? Ngikwaze kanjani lokho na? Bengiyoke ngikwazi kanjani ezweni

lokho na? Asikaze sibonane ngaphambili. Yiqiniso lelo. Akusilo na? [“Yiqiniso lelo.”] Mhlawumbe Uzokutshela okunye ngawe. [“Awu, ngi . . .”] Ngizokutshela. Nansi into ethize. Ngibona owesifazane eduze ngakuwe. Unawe. Ngumkakho. Udinga usizo futhi, naye. [“Kunjalo.”] Yebo, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile kumkakho na? [“Ngiyazi Angakwenza.”] Kulungile, mnumzane. Uphethwe yinhliziyo, izifo ezelakanyanayo. [“Yebo, mnumzane.”] Kunjalo. Akunjalo na? Ukugula kwemizwa, futhi. [“Kunjalo.”] Yebo, mnumzane. Manje, awusiye owakulelidolobha. [“Qhabo, mnumzane.”] Ubuyela emuva ngalendlela uma usuya ekhaya, usuya eCincinnati. [“Kunjalo.”] Kunjalo. UngowaseCincinnati, eOhio. [“Yebo, mnumzane.”] Igama lakho nguMilliken. Buya, buyela ekhaya, sinda. INkosi izokubusisa futhi uzophila, wena nomkakho. UNkulunkulu akubusise.

Woza, mnumzane. Uyakholwa? Manje yiba nokukholwa nje. Ungangabazi.

124 Manje hlonipha ngempela. Wonke umuntu manje akahloniphe ngempela, thulani du. Niyabo, uMoya oNgcwele ukhophoza kakhulu. Bangaki abakwaziyo lokho na? Ukhophoza ngempela nje, uMoya oNgcwele, niyabo, noma yikuphi nje okuphazamisayo kuyaMhlupha.

125 Ngokodokotela, ufanele ufe nje nje, uphethwe yinhliziyo. [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kunjalo. Uze lapha uvela eChicago, Mnu. Mosley. [“Yebo.”] Igama lakho lokuqala unguTheodore. [“Yebo.”] Uyamkholwa uNkulunkulu na? [“Yebo.”] Manje-ke hamba uye ekhaya futhi uphile, eGameni likaJesu Kristu, futhi usinde. UNkulunkulu akubusise.

126 Uyamkholwa uNkulunkulu na? [Udade uthi, “Impela ngiyamkholwa. Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Uguliswa yisimo emlenzeni wakho. Awusuye owasedolobheni, nawe. [“Yebo, mnumzane.”] UngowaseOwensboro, eKentucky. Igama lakho unguNkk. Lamb. [“Yebo, mnumzane.”] Buyela ekhaya futhi usinde.

127 Inenekazi elihlezi khona lapho, nalo futhi elase Owensboro. [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.] Unethumba elinobomvu ebeleni lakho. Elifanele lihlinzwe, kusasa. Hamba, ukholwe, futhi uphile.

128 Uyakholwa, mnumzane na? [Umfowethu uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Siyizihambi omunye komunye. [“Yebo, siyizo.”] Igama lakho unguMnu. Gilmore. Kunjalo. Uvela eAnderson, eIndiana, lapho umnyakazo webandla likaNkulunkulu elikhulu ukhona. [“Kunjalo.”] Kunjalo. Umele lapha indodakazi yakho ehlupheke ingxenye. Ife uhlangothi ingxenye. Uyakholwa na? Hamba uye ekhaya-ke futhi umfice eyindlela okholwa ngayo. Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Yiba nokukholwa. Kholwa.

129 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, mnumzane na? [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] UngowaseIndianapolis. Ungumfundisi weVangeli. Lowo ngumkakho. Ehhe. Uyagula naye. ["Kunjalo."] Uphethwe ngumminzo emminzweni. Udokotela . . . Uphethwe yinhliziyo; unokuphathwa yimizwa okuncane. Ngiyabona uyisithulu endlebeni yakhe. Ini . . . Woza lapha.

Wena moya wesithulu, eGameni likaJesu Kristu, ngiyakuyala ngoNkulunkulu ophilayo, phuma kowesifazane.

Manje usungizwa kahle manje. Nobabili ningaya ekhaya futhi nisinde. Qhubekani nibuyele ekhaya lenu. Niyangizwa, futhi senisindile. Nizoba kahle.

130 Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yibani nokukholwa nje kuNkulunkulu. Kholwani.

131 Lesosifo sokuqaqamba kwamalunga nento kuyinto embi kabi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Ngakho-ke hamba ngqo wehlele lapho. Hamba uye ekhaya, udumisa iGama laKhe, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu othandekayo."

Isizathu sokuba ngikubambe masinya lokho, lo wesifazane ubenento efanayo, izifo zokuqaqamba kwamalunga.

Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Kulungile, mnumzane. Manje-ke hamba nje wehlele lapho, bese uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu," bese uya ekhaya.

132 Kulungile, dadewethu, jika nje bese ubuyela emuva, futhi ukholwe. Uqhinekile emadolweni akho, kulapha, nokuphathwa kwakho yinhliziyo, njalonjalo. Jika nje bese ubuyela ekhaya, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu," futhi usinde. Kholwa ngakho konke okukuwe.

133 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nithini ngapho, abanye benu bantu, niyakholwa na? ["Amen."]

134 Nenekazi elincane elihlezi lapho, elinekhanda elimnyama, elinesithuthwane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakwemukela na? Kulungile. Uma uzokwemukela, Uzokwenza.

135 Lapha kuhlezi umshumayeli, uhlezi lapha, efuna ukuhamba esondelene noNkulunkulu. Awunjalo, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenzela khona na? Phakamisa isandla sakho uthi, "Ngiyakwemukela." Ehhe.

136 Lelinenekazi elihlezi lapha, liphose izandla zalo phansi. Linenkathazo yokomoya elicabanga ngayo. Kunjalo.

137 Nanti inenekazi elincane lapha, alazi noma lizoba nayo yini ingane yalo. Kunjalo. Uke wabakhona komunye

wemihlangano yami. Ngakwethembisa, ngoNkulunkulu, ingane. Angikwethembisanga na? Kulungile. Manje-ke hamba uye ekhaya ubenakho. Ungabe usakhathazeka ngakho.

138 Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke, nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nonke niyakholwa na? ["Amen."] INzalo ka-Abrahama iyolinqoba isango, isango lesitha. Niyiyo iNzalo ka-Abrahama, ngoJesu Kristu na? Phakamisani izandla zenu uma niyiyo. ["Amen."]

Manje-ke beka izandla zakho phezu kukamakhelwane wakho, phezu kukamakhelwane wakho, komunye nomunye. Beka isandla sakho phezu komunye nomunye. Nqobani isango manje. Lingelenu. Selingelenu. "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. UNkulunkulu uyakumvusa." Kulungile, khuleka ngendlela yakho qho. Khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni lakho. Khulekela abantu onawe manje." Beka izandla zakho phezu komunye nomunye bese uyakhuleka.

139 Nkosi Jesu, siza ngalelo elikhulu, iGama likaSomandla leNzalo yoBukhosi, iNzalo ka-Abrahama, Athenjiswa Yona entabeni lapho Owalungisa khona iwundlu; futhi wafaka lelowundlu ehlane, into eyimfihlakalo, ngokufanayo njengoba Wenze lezozingwejeje, izolo.

Ngiyakhuleka, O Nkosi Nkulunkulu, ukuthi Uzothumela aMandla, ukukholwa. Futhi uvumele yonke iNzalo. . .ngiyazi bazoba nakho, Nkosi, ngoba Wathi, "INzalo ka-Abrahama." Futhi uma bekukhona abanye lapha okade ezenzisa sengathi uyiYinzalo, futhi akasiyo iNzalo, bathethelele ngokuhlosa kwabo lapha, noma ukuzenzisa. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele njengamanje ungavuthisa umphefumulo wabo ngokukholwa okuphilayo. UMoya oNgcwele mawushwize ungene kuyo yonke inhliziyo futhi uphilise wonke umuntu lapha. Babeke izandla zabo phezu komunye nomunye.

INzalo yoBukhosi yathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, basinde." Futhi Lowo Owenza isithembiso ukhona njengamanje, Ezibonakalisa ukuthi Ukhona. Nanso iNzalo nezandla zabo ziphezu komunye nomunye. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kwangathi uMoya oNgcwele ungafaka umfutho kuzozonke izandla zabo, kungene ezinhliziyweni zabantu, kungene emizimbeni, futhi uphilise bonke abaseBukhoneni bukaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi.

Ngikhuza uDeveli. Ngikhuza konke ukungakholwa. Ngikhuza wonke umoya ongcolileyo. Ngikhuza wonke ozenzisayo. Ngikhuza konke okuphambene neZwi likaNkulunkulu. Futhi uMoya oNgcwele awuthathe indawo yaWo enhliziyweni yabantu, khona manje, ngokukholwa.

Kwangathi konke ukugula nasosonke isifo, konke ukuhlupheka kungasuka kubantu, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

140 Manje, Nzalo ka-Abrahama, wena wohlanga lwasebukhosini, wena wesithembiso, ngomusa nosizo lukaNkulunkulu, bangaki kini ongaphakamisa isandla sakho, uthi, "Sengikwemukele engikucelile." Ngiyabonga. Yilokho-ke. Esalokho-ke isithembiso. Sinikelwe lokho-ke isithembiso, ukuze ube yindlalifa yezinto zonke, ngoJesu Kristu owakusindisa. Wakusindisa esonweni. Wakusindisa ekuguleni. Wakusindisa ekufeni. Wakusindisa esihogweni. Wakusindisa ethuneni.

141 Wena uthi, "Mfowethu Branham, kodwa sonke singena ethuneni." Kodwa ithuna ngeke lasibamba. Waya kulo, futhi, kodwa alikwazanga ukuMbamba. Impela. Ngeke laMbamba.

142 "Awu, Mfowethu Branham, ngilingwa kakhulu." Waba njalo, naye. Kodwa Wakusindisa ekulingweni.

143 "Ungasiyisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi." Niyabo, Wakwenza. Kungokwakho konke. Yonke into ingeyakho, ngoJesu Kristu. Ukunika yonke into, ngesihle. Akukho nkokhelo kukho, noma lutho. Kungokwakho nje njengamanje. Anijabuli ngakho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Anijabuli ngaYe na? ["Amen."] Makabongwe uNkulunkulu.

144 Manje, kuzobakhona izinkonzo, kulobubusuku. Yebo. Ikulobubusuku, emashumini amathathu lishayile elesikhombisa kulobubusuku. Ngizodedela umelusi anitshele. Woza. Woza.

Manje, ekuseni ngeSonto elizayo, iNkosi enhle ithanda, ngizobuya ukuzokhulekela abagulayo, etabernakele, kumbe noma kukuphi.

